

# UMTSHADO WEWUNDLU



Ngiyabonga, Mfowethu Edmonds. INkosi ikubusise.

Intambama enhle, bangane. Ngeqiniso kulithuba njalo lobubusuku ukuba lapha kuFellowship Thabhanekeli. Lapho ngisedlula lapha, limini, futhi ngakhangela lapho eyayikhona, futhi ngabona ibala “Ubudlelwano,” lokho kwangihambela kuhle nje. Ngiyakuthanda lokho, uMfowethu Edmonds. Ubudlelwano, yikho lokho esikholwa kikho.

<sup>2</sup> Umngane wami wakudala, osanda kuya ekhaya ukuba leNkosi, inengi lenu lingabe limazi, uDkt. F. F. Bosworth, inengi lenu. Wayelapha ePhoenix, ngiyakholwa, elami ngesinye isikhathi, umphefumulo oliqhawe sibili. Futhi waye . . . wayele—le . . . Wayeyindoda endala engcwele, kodwa wayengumahlazaya. Futhi wathi kimi, kanye, wathi . . . Ngaqhubeka ngikhuluma ngobudlelwano. Futhi wathi, “Mfowethu Branham, uyazi ukuthi ubudlelwano kuyini?”

Ngathi, “Awu, ngicabanga njalo, Mfowethu Bosworth.”

<sup>3</sup> Wathi, “Ngabafo ababili esikepeni esisodwa.” Ngakho, futhi lokho kungathi kuqondile, ukwabelana ikamelo lomunye.

<sup>4</sup> Futhi ngibone abanengi benu liphakamisa izandla zenu, ngokwazi uMfowethu Bosworth. Kusiba yi—yikuthi belimazi, ngizathanda nje ukukhuluma ilizwi lesikhathi sakhe sokucina lapha emhlabeni. Bengimazi okwesikhathi esithile. Futhi wayephandle lapha etshumayela iVangeli futhi ekhulekela abagulayo, ngingakazalwa. Ngakho liyabona ukuthi wayemdala okunganani. INkosi imvumele waphila, ngicabanga, phose iminyaka engamatshumi ayisificaminwembali lanhlanu, into enjengaleyo, futhi kunjalo eyindoda endala eliqhawe ngesikhathi esifa.

<sup>5</sup> Lapho elamatshumi ayisikhombisa lanhlanu, ngiyakholwa kwakuyikho, yena lami sasise . . . Ngiyakholwa, iEdgemont Hotel eMiami. Futhi saba lokudla kwethu—kwethu kwantambama, futhi ngaphuma phandle okhunjini lolwandle lapho amagagasi ayesiza khona, ukukhangela inyanga iphuma. Futhi nanku ngangilapha, phose iminyaka engamatshumi amane ubudala, amahlombe ami asekhotheme, ngiphuma phandle njengalokho. Futhi yena, phose amatshumi ayisikhombisa lanhlanu, eme nta nje njengalokho angaba yikho. Futhi ngamkhangela, futhi ngambuka. Futhi ngathi, “Mfowethu Bosworth, ngifuna ukukubuza umbuzo.”

Wathi, “Qhubeka, Mfowethu Branham.”

Futhi ngathi, “Kunini lapho owawusedlula izikhathi zonke?”

<sup>6</sup> Wathi, “Khona manje.” Awu, khona-ke, ngabalenhloni ngami. Futhi wathi, “Uyakhohlwa ukuthi ngingumntwana nje, ngihlala endlini endala,” watsho. Futhi lowo kwakungu Mfowethu Bosworth.

<sup>7</sup> Lapho ngisizwa ukuthi wayesiya hlangana leNkosi, Ngaphosa ngatshisa amavili emota yami, ngisehla ngisiya eMiami, ukuyambona. Futhi lapho umkami lami sifika lapho...Futhi imuli kaMfowethu Bosworth lemuli yethu babengabangane abakhulu. Futhi sangena phakathi. Ukhokho omdlala elele embedeni olisofo. Futhi wayephakamise, ikhanda lakhe elincinyane elilempabanga, ezincinyane, ingalo ezicakileyo zibambebelele kimi, njengalokho. Inyembezi zisehla ezihlathini zami. Ngambamba ezandleni zami, futhi ngakhala, “Baba wami, baba wami, inqola zakoIsrayeli labagadi bamabhiza bazo!” Ngoba, nxa kwake kwaba lendoda endala eyake yabeka isithunzi kungqubo yePhentekhostali, kwakunguMfowethu Bosworth. Ngeqiniso waye nguye. Wayeliluba elikhulu.

<sup>8</sup> Futhi liyazi, into yokuqala afuna ukuyenza, yikungitshela insomo encinyane, njengalokho, uyazi.

Futhi ngathi, “Mfowethu Bosworth, uzasila na?”

<sup>9</sup> Wathi, “Hatshi, Mfowethu Branham. Angiguli, kwasekuqaleni.” Wathi, “Ngiya eKhaya nje.”

Ngathi, “Awu, lokho kuhle sibili.”

<sup>10</sup> Sasisanda kuvela nje ezinkundleni zemishini zaseAfrika, yena lami. Wathi, “Sengiluphele kakhulu ukuba ngilokhu ngisaphila.” Wathi, “Sengisiya eKhaya.”

Ngathi, “Mfowethu Bosworth, kuyini ongangeluleka ngakho ukuthi ngikwenze?”

<sup>11</sup> Futhi wathi, “Hlala leVangeli.” Futhi wathi, “Buyela ezinkundleni zemishini ngokuphangisa ongakwenelisa.” Wathi, “Leso kungaba yiseluleko sami.”

<sup>12</sup> Futhi ngathi, “Mfowethu Bosworth, enye into eyodwa engingathanda ukukubuza yona.”

Wathi, “Kuyini lokho, Mfowethu Branham?”

<sup>13</sup> Ngathi, “Manje, ufake phose iminyaka engamatshumi ayisithupha eNkosini, ekusebenzeni, kumbe mhlawumbe edlulisileyo.” Futhi ngathi, “Kunini lapho okwaba yisikhathi sakho sokujabula ukwedlula zonke empilweni?”

Wathi, “Khona manje.”

Futhi ngathi, “Mfowethu Bosworth, uyazi uyafa?”

<sup>14</sup> Wathi, “Angeke ngife. Ngafa iminyaka eminengi edluleyo.” Futhi nga...Wathi, “Mfowethu Branham, konke lokho engikuthandileyo futhi ngakunakekela okweminyaka

engamatshumi ayisithupha edluleyo, NgiMlindele ukuthi avule lowo mnyango loba kusiphi isikhathi futhi abuye, angithathe.”

Ngicabanga ngalelo, *IHubo LokuPhila*:

Impilo zabantu abakhulu zonke  
 ziyasikhumbuza  
 Singenza impilo zethu ziphakame,  
 Lokwehlukana, kutshiya ngemuva kwethu  
 Amanyathelo etshebetshebeni lesikhathi.

Futhi ngeqiniso watshiya amanyathelo, kimi.

<sup>15</sup> Engakafi, kumbe, pa- . . . wahamba eNkazimulweni, phose ihola elilodwa, kumbe mhlawumbe amanengi, engakabhubi, wayengani ulele okwamahola ambalwa, futhi umkakhe, amadodana akhe, abathandekayo bakhe bemile ngalapho, futhi indoda endala yavuka, yathalaza, yaphakama, futhi wagijima esibuyeni, futhi waxhawula izandla lonina owayehambile okweminyaka eminengi, loyise. Futhi okwedlula ihola, waxhawula izandla labantu, esithi, “Lowu nguMfowethu John. Yebo, weza kuKhristu emhlanganweni wami eJoliet, Illinois. Nangu uMfowethu . . .” Exhawula izandla labaphendukayo bakhe labo ababedlulile, okweminyaka eminengi.

<sup>16</sup> Ngi—ngiyakutshela, kwezinye izikhathi ngiyakholwa ukuthi ihola esidlula kilo kulumhlaba kusiya komunye, Ngiyakholwa kwesinye isikhathi lapho . . . Umfula uzakuba nzima ukuchapha, kungenani, liyazi. Ngiyakholwa mhlawumbe iNkosi ithi kwabathandekayo bethu, “Yehlani phansi emfuleni futhi lihlangane labo phansi ngale.” Ngoba njengoJakhobe watsho, sizakubuthaniswa labantu bethu ngolunye usuku.

<sup>17</sup> Lami futhi ngikhangele lolosuku ukuthi lubuye. Futhi-ke lapho ngiqeda ngalimpilo lapha, kumbe uNkulunkulu eqeda ngami lapha, futhi ngiyabona ukuthi ngithethe umzamo wonke engingawenza, ngedlula kuyo yonke indlela elameva, futhi ngaqansa uqaqa lonke, Ngifuna ukukhangela emuva, ngibone lapho ebengikhona, lapho ngisehla phansi emfuleni.

<sup>18</sup> Ngihlezi ngisitsho, njengabafo abansundu lapha, balengoma encinyane abayihlabelayo, “Kangifuni hlupho emfuleni.” Ngifuna ukuba kuqondiswe konke manje.

<sup>19</sup> Mhlawumbe nje ukubuyisela inkemba esikhwameni, futhi ngikhuphe ingowane, futhi ngiyibeke phansi okhunjini, futhi ngiphakamise izandla zami, futhi ngiklabalale, “Letha isikepe sempilo, Baba. Sengisiza ekhaya lokhu kusa.” Uzakuba elapho. Ungakhathazeki. Ngiyakukholwa lokho. Ngicabanga leso yisifiso sayo yonke inhliziyoyethu ngayinye.

<sup>20</sup> Manje, ngeqiniso kulithuba elihle ukuba lapha ngalobubusuku lalumelusi othandekayo lebandla lakhe, lalumsebenzi omangalisayo, lalaba abayizihambi kuKhristu,

kulesi emaphethelweni lawa asePhoenix. Ngoba, ngeqiniso, siyizihambi. Singabafokazi labemzini lapha. Sidinga iDolobho.

<sup>21</sup> Njengoba bengikhuluma lokhu kusa phansi ethabhanekele likaMfowethu Fuller, ngeNzalo yoBukhosi. Manje, nxa lilamathephu rekhoda, angizange ngikukhulume. Kodwa kwakulenywe into eyenzakalayo lokhu kusa, leyo engi... Nxa ulethephu rekhoda, nxa uthola enye yamathephu, ngileqiniso uzakuthakazelela. UMfowethu Maguire ulawo, futhi *INzalo YoBukhosi KaAbrahama*.

<sup>22</sup> Bona, inzalo kaAbrahama yayinguIsaka, okungumJuda, ngemvelo. Kodwa iNzalo yoBukhosi kwakunguKhristu, ngesithembiso, lokuthi uKhristu wayeliLizwi likaNkulunkulu libonakalisiwe. Futhi kusenhliziyweni zethu lamuhla lapho si... "Nxa ngi... Hlalani Kimi, leLizwi Lami kini, khona-ke celani elikufunayo, futhi kuzakwenziwa kini."

<sup>23</sup> Manje, ngitshengisele lokho, ngePhoenix, izikhathi ezinengi selokhu ngilapha... Isikhathi sami sokuqala ngisiza kwakuyiminyaka engamatshumi amathathu lanhlanu edluleyo. Futhi phezulu ku16 loHenshaw, ngangihlala, ngasebenza eCircle R Ranch phandle lapha, phandle kweWickenburg. Futhi ngahamba lenkazana encinyane lapho ku16 loHenshaw. Ngahamba ukuyadinga indawo ngolunye usuku, futhi ayiseyiyo ngitsho iHenshaw. IsiyiBuckeye manje. Futhi lidolobho elikhulu kumanisipala wendawo yasePhoenix lapha. Yonke into isiguquke njalo.

<sup>24</sup> Futhi umkami lami sahamba phezulu eSouth Mountain, ukukhangela ngemuva ePhoenix. Ngacabanga, phose iminyaka engamakhulu amathathu edluleyo, lapho mhlawumbe kwakungela lutho lapha kodwa izinja zeganga, amadolofiya, lokunjalo. Futhi manje sokulidolobho elihle kakhulu elikhulu. Manje, ngathi, "Sithandwa, ngabe liguquliwe kumbe liphambukisiwe? Ungasebenzisa ukhetho lwakho. Kimi, kuphambukisiwe manje. Ngoba, lezi izakhiwo ezinkulu lezakhiwo ezinhle zingabe zizinhle nxa amadoda labafazi babehamba phezulu laphansi ezitaladeni, bephakamise izandla zabo kuNkulunkulu, bedumisa uNkulunkulu, labafowethu labodade abaphila kanjalo; kulokunatha, ukubheja, ukubhema, ukuqamba amanga, ukuntshontsha, emabhawa, yonke into embi. Phakathi kwakho konke lokho, loba kunjalo..."

Khona-ke umkami wathi kimi, "Khona-ke, Billy, kuyini okudingayo lapha?"

<sup>25</sup> Ngathi, "Kodwa, sithandwa, selokhu sihlezi lapha, imizuzu elitshumi lanhlanu, mangaki amanga akhulunyweyo kulesosigodi? Zingaki izifungo ezenziweyo, iBizo leNkosi ngeze? Linganani igwayi, inganani iwiski enathweyo, bunganani ubufebe obenziweyo, futhi konke kudlula lapho, esikhatshaneni nje esincinyane sokucina, sisaselapha?"

Wathi, “Akukubi lokho na?”

<sup>26</sup> Kodwa ngathi, “Nanku esingakho lapha, sithandwa. Mingaki imithandazo ethembekileyo ehambe phezulu selokhu silapha? ‘LiyiKukhanya komhlaba.’ Yikho lokho esingakho lapha, ukubeka amahlombe ethu lalawo amabandla amancinyane lapha, senze konke esingakwenelisa, ukulisiza liqhubeke. Ukuba yi . . .”

<sup>27</sup> Lina lonke, lina bangwele, liyisibusiso kimi. Ngiyathemba ukuthi ngizakuba yisibusiso kini, ngokuvakatshela lapha. Futhi mina, lapho ngifumana ukuthi ngiyavakatshela inhlanganiso zamasonto ezehlukeneyo lezinhlanganiso, futhi—futhi lamabandla ahlukeneyo, lokunjalo, abazalwane esigodini sePhoenix lapha, inhliziyi yami yajabula. Lokho kubuya phambi komhlangano omkhulu lowo engiyakhuluma kiwo, emhlanganweni omkhulu waMadoda osomaBhizimusi esiKhristu, Ngicabanga, ngokudla kwekuseni ngoMgqibelo ekuseni, futhi-ke umhlangano weSonto emini, owawulandela, leyo Sonto elandelayo. Futhi kuhlezi kulithuba ukuhlangana lalabo bazalwane. Ngicabanga ukuthi balezihlalo ezingamakhulu angamatshumi amabili lanhlanu lapho. Kulendawo yethu enengi yokuhlala sonke. Futhi sithemba ukuhlangana lani lapho.

<sup>28</sup> Futhi-ke ukuba lalesi sikhathi sobudlelwano, ukuhamba ibandla ngebandla, futhi ukhuluma. Ngicabanga ngatshumayela lokhu kusa ngaze ngatshumayela ilizwi lami latsha, phose okwehola lengxenye. Futhi leyo yayimfitshane. Angivamanga ukuphuma ngaphambi kwamahola amathathu kumbe amane akho, e—ebandleni ngekhaya. Mina nje . . . Kangisuye mtshumayeli. Ngakho ngi—ngenza umsindo wentokozo nje eNkosini. Ngithanda ukuwenza kuhle kangako. Ngi—ngicabanga ngiyakuthanda nje, ngakho nje ngiyaqhubeka ngikwenza. Bengi . . . ngibe lokutshengisa okune kumbe okuhlalu ukuthi ngiphuzisa abantu, ngakho ngiyakwazi ukuthi lokho kuliqiniso. Futhi lobubusuku, qiniso, sizakuba sesiphumile lapha elokuqala nta lingakatshayi. Mina, phose ngiyalithembisa nje ngalokho. Mina nje, phose . . . Umuzwa onjalo omuhle sibili, lento yonke inhle sibili, ngileqiniso uMoya oNgwele uzakuba lesibusiso kithi.

<sup>29</sup> Manje, manje beningabi lenkonzo zokusiliswa emihlanganweni. Ngi . . . Ngobunye ubusuku, phansi kumfowethu . . . Bizo likaJesu, kwakungubani umalusi? UMfowethu Outlaw. Ibandla likaMfowethu Outlaw, kwakulabanengi lapho ababefuna ukukhulekelwa. Futhi ngaba lendodana yami ukuthi inike amakhadi okukhulekelwa. Futhi-ke ubusuku obuthile, uMoya oNgwele usehla kangako esakhiweni, kwaze . . . Lonke liyakwazi. Like laba semihlanganweni yami. Lina lakwenza. Liyabona ukuthi kanjani ukudalula, lokunjalo. Kodwa manje nginanzelele

kuyabuthelala abanengi ukuthi bakhulekelwe. Futhi ngananzelela ukuthi okwakuqala, kusukela ngoLwesithathu langoLwesine. Ngicabange ukuthi ngizakulindela kuze kube ngemva kweSonto, ngoba nxa lisiba lezinkonzo zokusilisa ebandleni. . .

<sup>30</sup> Liyabona, nga—ngamemezela yonke indawo engahamba khona ukuba umuntu wonke ahlale endaweni yomsebenzi wakhe ngeSonto, uyabona. Leyi imihlangano ekhethekileyo yikuvakatsha nje labazalwane. Futhi si—sifuna umuntu wonke ukugcina indawo yakho yomsebenzi, ngoba umalusi wakho ukulindele, futhi yikho lapho okumele ube khona.

<sup>31</sup> Ngakho ke—ke ngicabanga, kusasa ebusuku, nxa iNkosi ithanda, angi. . . Sizakuba ngaphi kusasa ebusuku? [Umzalwane uthi, “Ngale eTempe, ebandleni likaMfowethu O’Donnell.”—Mhl.] UMfowethu O’Donnell, eTempe, Arizona. Manje, nxa lingela lutho—lutho olukhethekileyo olwenzakalayo ebandleni lenu, futhi lilabantu abagulayo, ngani, ngizakukhulekela abagulayo, kusasa ebusuku, ngibe lomzila wokukhulekela abagulayo ojwayelekileyo, ngikhulekela abagulayo, mhlawumbe—mhlawumbe ngoMvulo, ngoLwesibili. Kasiboneni, ngifanele. . . Ngi. . . O, ngile. . . Ngilenkonzo okwangoLwesithathu ebusuku futhi? [“Yebo.”] NgoLwesithathu ebusuku. Khona-ke kwa. . .

<sup>32</sup> Futhi iqala ngoLwesine, kunjalo na, umhlangano omkhulu? [Umzalwane uthi, “Ngingathi ngilezinto. . . ? . . .” —Mhl.] Kulungile, mfowethu. Uzakwenza isimemezelo manje. [“Bona, silapha lobubusuku. Lakusasa ebusuku siseTempe leAssemblies of God. Futhi-ke iMountain View eSunnyslope ngolwamatshumi amabili lantathu. Futhi-ke eCentral Assembly ngolwamatshumi amabili lane.”] Kulungile, lokhu kuhle. [“Angizange ngikhumbule, ngokwami. Ngenza sengathi ngixubekile ngakho.”] Ungacabangi ngalokho.

Ngangikhuluma ngolunye usuku, mayelana, “Angizange ngikhumbule.”

<sup>33</sup> Futhi uMfowethu Jack Moore wathi kimi, wathi, “Ucabanga ukuthi umubi?” watsho.

<sup>34</sup> Ngathi, “Mfowethu Jack, ngaqala ukukhuluma, angisakhumbuli lokho nje ebengikhuluma ngakho.”

<sup>35</sup> Wathi, “Ungacabangi ukuthi lokho kubi.” Wathi, “Ngiyatshaya ifoni, ngifonela omunye umuntu, ngithi, ‘Ufunani?’” Awu, lokho sekusibakubi sibili! . . . ? . . . O!

<sup>36</sup> Ngakho, minabo, lokho kungazwakala sensomo, engicabanga ukuthi akuqondanga ukukutsho kuphuluphithi lapha. Kodwa abantwana bakaNkulunkulu ngabantwana abajabulayo, kungenani, liyazi, ngakho si—sithanda nje ukukwenza. Ngicabange ukuthi lokho kungazathi kuhle.

<sup>37</sup> Lina lonke, inengi lenu, liyamazi uMfowethu Jack Moore. Uvela eShreveport, Louisiana, Life Thabhanekeli, umfowethu olungileyo sibili. Futhi-ke wayengitshela lokho. Ungukhontilaka, laye.

<sup>38</sup> Wathi, “Ungacabangi ukuthi lokho kubi, Mfowethu Branham.” Wathi, “Ngafonela omunye umuntu ngolunye usuku, futhi ngafonela inombolo zabo.” Futhi wathi, “Baphendula, bathi, ‘Helo.’ Ngathi, ‘Awu, ufunani?’”

Ngacabanga, “Awu, lokho sekufika khonale phansi, Mfowethu Jack.”

<sup>39</sup> Ngakho manje, ngicabanga ukuthi kuzakuba kuhle, futhi abangane laba abafuna ukukhulekelwa, futhi belethe abantu babo abagulayo phakathi, khona-ke sizabakhulekela.

<sup>40</sup> Manje, lobubusuku, ngicabange ngalokho engizakukhuluma lobubusuku phezulu lapha kulelibandla elincinyane elihle. Ngacabanga, “Awu, kangikwazi ngizakuthini.” Kumele nje ngithathe isifundo esincinyane, futhi ngithembe ukuthi iNkosi izahlanganisa amazwi kwenye indawo, futhi awele lapho azakusiza omunye umuntu. Ukuba...Kangizami ukuthatha isifundo, Ngihlezi ngizama ukuzwa ngikhokhelwa, futhi ngibhale phansi inqumbi yeMibhalo, lokunjalo. Futhi—futhi-ke, nxa iNkosi ikhokhela ngokwahlukileyo, khona-ke ngihamba nje lapho Akhokhelela khona. Futhi ngicabanga leyo yindlela sonke okufanele senze ngayo. Alicabangi njalo? Kwenze ngendlela efanayo.

<sup>41</sup> Futhi manje kulento eyodwa leyo—leyo e—engiyifuna, wonke ngamunye webandla amemezele lokhu kuwo wonke umzimba wendawo. Futhi yilokhu, ukuthi nxa...Lapho seliqedile ukukhulekela umalusi wenu labathandekayo benu, lingangikhohlwa, ngoba ngiyananzelela, nsuku zonke, ukwedlula loba nini, ukuthi sibuya phansi ekucineni komgwaqo.

<sup>42</sup> Futhi nje ngingcwabe umama wami, amaviki amalutshwane edluleyo. Futhi ngambamba engalweni zami kwaze kwathi uNkulunkulu wathatha umoya lomphfumulo wakhe eZulwini. Ngakhangela lokho kufa kobuqhawe bomfazi ogwaliswe nguMoya oNgcwele, futhi ngambona esiza khona ekucineni komgwaqo. Ngacabanga, “O, ngi—ngifanele nje ngibe labomama abanjalo. Kumele nje ngenze enye into ukuthola... ngenze lokho engingakwenelisa, ukwenza abantu babone lokho okukutshoyo sibili.”

<sup>43</sup> Futhi, bangane, ngisuthisekile ukuthi mhlawumbe kujule kancinyane. Futhi ngicabanga sikuthatha kalula kancinyane kakhulu ukwedlula lokho okuyikho. Ngicabanga ukuthi kufanele sikhumbule. Nxa uNkulunkulu engcwele kangako kuze kuthi iNgilosi zikhangeleke zingcolile emehlweni Akhe, thina sikhangeleka kanjani? Bona? Kunjalo. Ngakho sifuna

ukukhumbula. Futhi khumbula, uNkulunkulu uhlezi khonale elaPhakadeni, ekhazimula ukwedlula amalanga asohlelweni lelanga. “Ngcwele, ngcwele, ngcwele,” iNgilosi lempiko ebusweni zazo, laphezu kwenyawo zazo, ziphapha eBukhloneni Bakhe, zimemeza, “Ngcwele.” Kuyini okumele sibe yikho? Ngakho si . . . Yikho esizama ukukwenza.

<sup>44</sup> Futhi—futhi ngizwa njengalokhu, uMbuso kaNkulunkulu, unjengomuntu owathatha imbule futhi wahamba olwandle, UJesu wathi, futhi waphosela phakathi. Futhi lapho esedonsile, wathatha inhlobo ezinengi. Kodwa inhlanzi ezinhle, yebo sibili, zagcinwa; futhi ezinye inhlanzi ezidla konke-konke zabuyela emanzini, ezinjengabomankala, le-lezinyoka, imipankwa, lemfudu, lokunjalo. Kodwa amambule eVangeli ayazibamba zonke. Futhi si . . . Kuzakuba khona olunye usuku isikhathi esizaphosela imbule yethu yokucina, Mfowethu Adams. Kunjalo. Akusiwena kumbe mina ukuthi sithi yiphi inhlanzi lokuthi yiphi engayisiyo. Asikwazi. Siyaphosela imbule nje futhi siyidonse. Yikho kuphela. UNkulunkulu uyabazi abangaBakhe. “Labo Abazi ngaphambili, Wababiza; futhi labo Ababizayo, Ubalungisisile; futhi lalabo Abalungisisileyo, Ubakhazimulisile.” Ngakho silindele, siphosela imbule nje. Futhi lithuba lami lobubusuku ukuma ebandleni likaMfowethu Edmonds lapha ukusiza ukuphosa imbule kulindawo, ukubona nxa kungabakhona inhlanzi uNkulunkulu alayo eyoMbuso Wakhe.

<sup>45</sup> Manje, singakabali iLizwi, kasikhulumeni loMlobi weLizwi kancinyane nje lapho sikhothamisa amakhanda ethu.

<sup>46</sup> Lamakhanda ethu ekhotheme, ngokuhlonipheka kwalesi sikhathi, ukuthi sisondele eLizwini likaNkulunkulu ophilayo, okunguNkulunkulu, Ngingazi nxa kungaba labanye abantu phakathi lapha abalezicelo enhliziyweni zabo, abangathanda ukukhunjulwa kulumkhuleko. Kwenze kwazakale ngesandla esiphakanyisiweyo.

Nkosi Jesu, khangela umbuthano, usazi inhliziyu yonke.

Ngiyabonga.

<sup>47</sup> Nkulunkulu olomusa kakhulu longcwele, uSomandla, El Shaddai, owabonakala kuAbrahama ngeBizo lika “Somandla, uNkulunkulu olamabele, oNikeza amandla, uMondli wababuthakathaka,” woza kithi lobubusuku, Baba. Futhi siyananzelela ubuthakathaka bethu lamaphutha ethu. Siyavuma izono zethu phambi Kwakho, futhi sizibeka phezu kwe-altare Lakho lethusi lokwahlulela, futhi sicela ukuthi iGazi likaJesu Khristu lizisusele khatshana, emhlatshelweni esiwenzayo. Siphe khona, O Nkulunkulu.

<sup>48</sup> Sinikela impilo zethu lakho konke esilakho, lalelo thalenta elincinyane elinikezwe kithi. Nkosi, kusebenzise kube yinkazimulo kaNkulunkulu.



<sup>49</sup> Busisa ibandla leli, umalusi walo othandekayo, amadikhoni, abaphathi, lalo lonke ibhodi, lalonke ilunga elibuya kulelibandla elithiwa “Fellowship.” Nkulunkulu, ngiyakhuleka ukuthi amadoda labafazi, lapho bengena kulowo mnyango walindawo, ukuthi bazakuwela phansi kokuvuma ngenxa yohlelo oluhle lukaMoya oNgcwele phakathi kwesakhiwo. Siphe khona, Nkosi.

<sup>50</sup> Thethelela izono zethu, leziphambeko zethu, siyacela njalo. Khumbula labo abaphakamise izandla zabo. Phansi ngaphansi kwesandla leso, Nkosi, bekulenhliziyi ebicela enye into Kuwe, futhi mhlawumbe Wena kuphela ungakunika. Ngiyakhuleka ukuthi Uzasipha khona, Baba. Loba yikuyini abalesidingo lakho, banike ngobunengi. Kukhona abagulayo, Nkosi, basilise. Nxa kukhona ongabakhona owela phandle kwendlela, mqinise lowo, lelo dolo elibuthakathaka. “Umhlanga ofecekileyo, Akayi kuwephula, kumbe intambo yesibane ethunqayo Akayi kuyicitsha.” Futhi siyakwazi ukuthi Akasoze adele umhlanga ofecekileyo; Uzawulungisa. Futhi ngiyakhuleka, Baba oseZulwini, nxa kungaba khona imimoya eyaphukileyo, kumbe—kumbe engakhuthazekanga, kumbe izandla ezibuthakathaka zilenga phansi, lamadolo axegayo, makaphakanyiselwe phezulu lobubusuku, Nkosi. Makuthi uMoya oNgcwele abuye futhi asilise inhliziyi zethu lemimoya, futhi lemizimba yethu yenyama, futhi sizakuMnika yonke indumiso ngakho. Siyakucela eBizweni likaJesu. Amen.

<sup>51</sup> Nxa lingathanda ukuvula eMbhalweni, phose nje inkulumo yemizuzu engamatshumi amathathu, Ngizathanda ukuthi libale lami okuvela ebhukwini leSambulo, isahluko 19. Futhi ngizathanda ukubala kusehla kundima 7, kuhlanguanisela.

*Futhi emva kwalezizinto ngasengisizwa ilizwi elikhulu elixuku elikhulu ezulwini, lisithi: Haleluya; Usindiso, . . . ubukhosi lodumo lamandla kungokweNkosi uNkulunkulu wethu.*

*Ngoba izigwebo zakhe ziqotho zilungile: ngoba usilahlile isifebe esikhulu, esonakalise umhlaba ngobufebe baso, futhi usephindisele igazi lenceku zakhe esandleni saso.*

*Futhi njalo bathi, Haleluya. Lentuthu yaso yaphakama kuze kube ninilanini.*

*Labadala abangamatshumi amabili lane lezidalwa ezime eziphilayo zawela phansi zakhonza uNkulunkulu ohlezi esihlalweni sobukhosi, zisithi, Amen; Haleluya.*

*Futhi ilizwi laphuma esihlalweni sobukhosi, lisithi, Mdumiseni uNkulunkulu wethu, lina lonke zinceku zakhe, lani abamesabayo, labancinyane, labakhulu.*

*Futhi ngasengisizwa sengathi kwakulilizwi lexuku elikhulu, futhi lanjengelizwi lamanzi amanengi,*

*lanjengelizwi lomdumo olamandla, lisithi, Haleluya: ngoba iNkosi uNkulunkulu olamandla wonke uyabusa.*

*Asithokozeni futhi sithabe, futhi siphe udumo kuye: ngoba umtshado weWundlu usufikile, lomkalo usezilungisele.*

<sup>52</sup> Ngithanda ukukhuluma lobubusuku ngesifundo sokuthi: *UMtshado WeWundlu*, okwesikhatshana esimbalwa nje uku... Sijwayelene lalumbhalo. Kungelakuthandabuza kodwa umalusi wenu othandekayo lapha uke wakhangelana lalesisifundo izikhathi ezinengi.

<sup>53</sup> Futhi, lokho, siyakwazi ukuthi kuzakuba loMlobokazi, futhi kwazakuba ledili lomtshado lisenziwa ezibhakabhakeni. Lokho nje kuqinisekile ukuba khona, njengalokho uNkulunkulu ekhona, ngoba kuliLizwi Lakhe. Futhi siyakwazi ukuthi labo abazakwenza uMlobokazi lowo kuzakuba liBandla Lakhe, futhi bazakubonakala phambi Kwakhe bengelasici kumbe ukutshwabhana. Futhi balazo izinto emhlabeni manje zokuzilungiselela. Nxa unanzelela, Kwathi, “Usezilungiselele.”

<sup>54</sup> Abanengi kangako bathi, “Nxa iNkosi ingasusa lumoya omubi kimi, ekunatheni, kumbe ukubheja, kumbe ekuqambeni amanga, kumbe ukuntshontsha, ngizakuMkhonza.”

<sup>55</sup> Kodwa lokho kukuwe. Bona, kumele wenze enye into, lawe. “Labo abanqobayo bazakudla ilifa lakho konke.” Labo abanqobayo. Ulamandla okukwenza, kodwa kumele ube uthanda ukukubeka phansi. Bona? “Usezilungiselele.” Ngiyalithanda lelo Lizwi.

<sup>56</sup> Uyabona, uNkulunkulu wayengeke asifuqele phakathi kwephayiphi encinyane, asidonsele phandle kwelinye icele, futhi-ke esithi, “Ubusisiwe lowo onqobayo.” Wawungelalutho lokunqoba; Ukufuqe nje wadlula. Kodwa kumele uzenzele izinqumo ngokwakho. Kumele ngenze isinqumo ngokwami. Ekwenzeni lokho, sitshengisa ukhohlo lwethu lenhlonipho kuNkulunkulu.

<sup>57</sup> UAbrahama wayethenjiswa umntwana, kodwa kumele anakekele isithembiso lesi okweminyaka engamatshumi amabili lanhlanu, ukukhwela lokwehla lokho ayelakho, lezilungo, kuleyo minyaka engamatshumi amabili lanhlanu. Kodwa wabambelela elizwini lesithembiso.

<sup>58</sup> Futhi uSrayeli wayethenjiswa ilizwe lesithembiso, kodwa kwakumele balwele yonke i-intshi yalo. “Loba ngaphi ingaphansi yenyawo zenu enyathela khona, leyo Ngilinike yona,” UNkulunkulu watsho kuJoshuwa. Konke kwakukhona lapho. Ilizwe lalikhona, futhi uNkulunkulu walinika kibo, kodwa kumele balilwele.

59 Indlela efanayo mayelana ngokusiliswa kwaPhezulu. UNkulunkulu ulamandla okukusilisa, nxa ulesibindi sokukwamukela, kodwa uzakulwa i-intshi yonke yendlela.

60 UNkulunkulu ulomusa omangalisayo wokukusindisa, futhi Uzakwenza, kodwa uzakulwa i-intshi yonke yendlela yakho.

61 Ngibe ngemuva kwephuluphithi, ngiqhuba okweminyaka engamatshumi amathathu lanye, futhi i-intshi yonke yalokho ibeyikulwa, kokuphela. Ngempela bekuyiyo.

62 “Kodwa kumele silwe nxa kumele sibuse.” Ngakho sithola ukuthi uMlobokazi kumele aZilungiselele. “Woba uthanda ukulahla konke okusindayo okusisithandele kalula, ukuthi sigijime ngokubekezela umjaho esiwumiselweyo.” Kumele sizibeke eceleni, ngokwethu. Angeke sithi, “Nkulunkulu, Wena buya, sibekele yona eceleni.” Kumele senze lokho, ngokwethu.

63 Manje, ngithanda ukucabanga ngemitshado. Ngibe lethuba lokutshadisa abantu abambalwa. Futhi ngiyacabanga, lapho ngiletha ijaha lentombazana phansi ku-altare, futhi ngibabone besiza besehla ebandleni; futhi intombi, emuhle egqoke izembatho zakhe zomtshado, leveyili ebusweni bakhe futhi lilengele phansi; futhi umyeni, eqondile, egqoke kahle; futhi emutsha futhi egwele ngamandla, lapho behamba phansi lapho ngobuhle babo bempilo, futhi bathathe leso sifungo somtshado, ngicabanga kulento enhle ngakho. Kulento ehloniphekayo, ngoba lokho kuyangikhumbuza ukuthi kuzakuba lomunye umtshado omkhulu ngolunye usuku, lapho uMlobokazi kaKhristu uzabuya ehamba phansi emikhandlweni yeNkazimulo.

64 UMyeni uzakuba elungiselele konke. Kuzakuba lomtshado ledili. Sithanda ukucabanga ngokuhlala ngale kwetafula omunye lomunye, lokuxhawulana izandla omunye lomunye, lenyembezi zisehla phansi ezihlathini zethu. Futhi cabanga, Uzakuza ngalapho, esule inyembezi zonke emehlweni ethu, ethi, “Ungakhali. Sekuphelile konke manje. Ngena entokozweni zeNkosi ezalungiselwa wena kusukela ekusekelweni komhlaba.” O, mfowethu, lokho kuzasenza sithandane kakhulu.

65 Ngicabanga yikho okwenzakala ngeBandla, uMlobokazi lamuhla, owenziwe ngamabandla wonke akholwa kuKhristu. Akusiso sakhiwo sebandla, loba ngabe kuyinhlanganiso kumbe inhlanganiso yesonto, kodwa ngumuntu ngamunye osebandleni owenza uMlobokazi.

66 Ngilo mngane omuhle eLouisville, Kentucky, Dkt. Wallace Cauble, owaye ngumtshumayeli weChurch of Christ, futhi weza wamukela uMoya oNgewele, futhi welusa elinye lamakhulu, amabandla amakhulu eLouisville, ibandla leOpen Door. Ubengumngane oligugu kakhulu kimi. Futhi insuku ezinlutshwana ezedluleyo, ngangimile esitaladeni, futhi

ngambona esehla phansi esitaladeni. Futhi ngangihlezi ngimthanda, futhi wayengithanda.

<sup>67</sup> Kodwa ngolunye usuku wahlinzwa amadlala, futhi wayesophela ukufa. Futhi babelaye phansi lapho eSaint Joseph Hospital, futhi bathi wayesifa. Futhi uNkz. McSpadden wangibiza, wathi, “Dkt. Wallace Cauble.” Ngangingakabimazi ngaleso sikhathi, kodwa ngangikwazi ukuthi kwakule bandla elikhulu leOpen Door. Wathi, “Uyafa. Odokotela sebemnike imjovo, yonke into. Bamthunga. Uyaqhubeka ngokopha igazi, futhi abakwanisi ukumisa igazi. Igazi lakhe alinqumi, futhi, uyazi, ukumisa ukopha.” Futhi wathi, “Balamamishinari phakathi lapho, futhi bakufuna ubuye, umkhulekele.”

<sup>68</sup> Awu, ngangike ngezwa ngoDkt. Wallace Cauble, futhi-ke ngangingathi ngiyathikaza kancinyane, kodwa ngahamba. Futhi lapho ngikhangela ekamelweni lesibhedlela, kwakulamamishinari labatshumayeli abakhulu, bonke phakathi lapho, bekhala lokukhuleka. Futhi ngacabanga, “O, mina! Mina omncinyane, umgiqiki ongwele omncinyane, ngingene phakathi lapho? Kungcono ngihlale phandle lapha.” Ngakho ngehla phansi ngasemtshineni weCoke phandle eholu. Ngakhuleka kuNkulunkulu, uku—ukumisa igazi, kuMfowethu Cauble. Ngabuyela phansi futhi ngaphuma phandle.

<sup>69</sup> Ngisanda kufika ngekhaya, phose imizuzu elitshumi lanhlanu, lefoni yakhala njalo, futhi befuna ukubakwazi okwangiphuzisayo, ukuthi ngangingekho lapho. Futhi ngathi, “Ngi—ngiyabuya. Kodwa kwakulabanengi phakathi lapho. Nge—ngezwa nje ngingakhokhelelwa ukungena, mhlawumbe, bona, abanengi, abatshumayeli abakhulu phakathi lapho.”

<sup>70</sup> Khona-ke wathi, “Buya khona manje.” Wathi, “Indoda ayingeke iphile kodwa okwesikhatshana.”

<sup>71</sup> Ngakho ngabuyela emuva, njalo. Futhi lapho ngingena phakathi lapho, wayezama ukuthatha udade weKatolika ukwamukela uKhristu njengoMsindisi oqondene laye; futhi yena esopha, futhi igazi limpompoza emlonyeni wakhe. Ngangena phakathi.

Futhi wathi, “Unjani?”

<sup>72</sup> Futhi ngathi, “Unjani?” Wayehlezi phezu kombheda, futhi ekhwehlela kanjalo, futhi igazi liphuma.

Futhi wathi, “Ngubani ibizo lakho?”

Futhi ngathi, “NginguMfowethu Branham.”

<sup>73</sup> Futhi waqala ukukhala, wabeka ingalo zakhe ngakimi. Ngaguqa phansi lapho.

<sup>74</sup> Manje, nguDkt. Wallace Cauble, owebandla leOpen Door eLouisville. Mhambiseleni incwadi. “Igazi lama lowo mzuzwana.” Alizange lintshaze, kusukela. Bona? Futhi

besingabangane abahle kakhulu, kakhulu kusukela lapho. Futhi olunye usuku, ngahlangana laye. Futhi wathi . . .

<sup>75</sup> Oswald J. Smith, inengi lenu liyamazi uMfowethu Smith. Ungum'mishinari omkhulu, futhi ugena koMfowethu Cauble, ngoba uyamthanda kahle sibili. Wathi, "Mfowethu Cauble, uyazi," wathi, "Ngi. . ." Enye into ngomkakhe. Wathi, "Lapho ngiqala ukutshada," wathi, "Ngezwa njengokuthi, awu, nxa ngingenza iphutha, ngiza, o, ngingathatha omunye," ngoba wayemutsha. "Kodwa," wathi, "emva kokuba abantwana besiza," wathi, "khona-ke kungathi kunzima ukuphila ungelaye. Khona-ke kulapho usiba phose iminyaka engamatshumi amahlanu ubudala, awungeke nje uphile ungelaye. Futhi lapho ukhula, ngani, u—uzwa ngaleyo ndlela."

Ngathi, "Ngithemba lokho kuphosa kube njalo." ngangi . . .

<sup>76</sup> Lokho isifundo esabuya ngakho, liyazi ukuthi amakhosikazi ashopa kanjani, umkami wayephakathi lapho. Futhi uyindlovukazi yakho konke. Uyahlala nje isikhathi sonke. Inyawo zami ezihawulayo nje ziphosa zingibulale, esitaladeni ngihamba ngibhoda laye. Futhi wayengitshela, wathi, "Awu, awungeke nje uphile ungelaye." Futhi yiyo indlela isitsho esabuya ngayo.

<sup>77</sup> Lapho ngisiya ngekhaya, ngangihlezi ekamelweni lapho, ngicabanga, "Kunjalo." Ngakubeka kweyinye into.

<sup>78</sup> Liyazi, lapho ngiqalisa ukuphenduka e. . . ukuba ngumtshumayeli weMissionary Baptisti, ngacabanga, "Nxa umuntu wayengasuye umBaptisti, waye ngasindiswanga nje. Yikho kuphela okwakukhona kikho." Futhi ngathwala iBhayibhili ngaphansi kwengalo yami, futhi ngacabanga iNkosi yangibiza ukwenza umuntu wonke umBaptisti. "Futhi umuntu wonke wayengakholwa njengalokho amaBaptisti ekholwa, babengekho emfanekisweni lakancinyane."

<sup>79</sup> Lapho insuku ziqhubeka, ngacabanga ukuthi ngangilomsebenzi wonke wokwenza, ngokwami. Futhi ngafumana, ngananzelela omunye umfowethu owayelebandla, amalusi. Wadonsa laye, kanzima nje njengengangikwenza. Khonanje, ingubo yeluleka kancinyane phezu kwakhe laye, uyazi.

<sup>80</sup> Khona-ke siyathola ukuthi, siyadingana. Futhi manje, emva kokuba sesiqala ukufika lapha, kungathi nje kunzima ukuphila singela omunye. Yikho kuphela. Kufanele sibe lomunye lomunye, lokho. Futhi ngiyakholwa ukuthi kukuleyi ingquba enkulu yephentekhostali. Ngiyathokoza ukubona leyomigoqo yokungakhathali isephukela phansi, iBandla elikhulu likaNkulunkulu liqala ukuzihlanganisa ndawonye ebudlelwani. Kutsho ukuthi umtshado ususondela eduzane manje. Futhi amatshe, aqunywe ngokungazwisisekiyo

njengalokho angaba yikho, alendawo kwenye indawo kulesosakhiwo, nxa engamatshe eNkosi.

<sup>81</sup> Manje, umtshado, ngomunye umqondo, kungumfanekiso. Umtshado wasemhlabeni lapha ungumfanekiso womtshado wasezulwini. Manje asingeneni kikho, okwesikhatshana esimbalwa nje, ukukubuyelela okwesikhatshana.

<sup>82</sup> Into yokuqala ekhona, kumele kube lesinqumo esenziwayo. Into yokuqala, kuthatha, emtshadweni wemvelo, yisinqumo okumele senziwe. Ikhosikazi elincinyane kumele lenze isinqumo salo, ukuba uyafuna lelijaha; lejaha, ukuba uyayifuna intombazana. Kumele kube lesinqumo esenziweyo, futhi kufanele usenze. Kumele abe nguye yedwa umfazi emhlabeni omthandayo, futhi kumele abeyindoda yodwa kuphela. Nxa kungenjalo, khona-ke wenze isinqumo esingayisiso.

<sup>83</sup> Futhi yiyo indlela efanayo ngokwenza isinqumo ngoKhristu. Into yokuqala okufanele uyenze, yikuthatha isinqumo sakho ukuba uzakukhonza uNkulunkulu futhi uMthathe njengoMsindisi wakho, kumbe kawusoze ukwenze. Ngabe uzakhonza umhlaba na? Ngabe uzakhonza uKhristu na? Kumele wenze isinqumo sakho. Kumele kube lesinqumo esenziweyo. Lapho usenza isinqumo sakho, ukuthi uzakukhonza uNkulunkulu kumbe imamoni, khona-ke zikhethele. Kodwa isinqumo kumele senziwe.

<sup>84</sup> Futhi-ke, emva kokuba isinqumo sesenziwe, ukuthi uzakwenza, khona-ke kubesekubuya ukuthembisa umtshado. Lokho, uyathola lokho ku-altare. Kumele wenze isithembiso lokhu kuhlenganiswa kungakenziwa. Futhi yiyo indlela okuyiyo ngeBandla likaKhristu. Kumele kube yikuthembisana loKhristu, u—isibambiso, isithembiso, indaba yothando.

<sup>85</sup> Futhi-ke, into elandelayo, yi—yizithembiso ezenziwayo. Kumele kube lezithembiso ezenziwayo komunye lomunye, njengalokho usenza isithembiso. “Sithandwa, nxa ungangitshada, ngiyathembisa ukuthi ngizathembeka futhi ngiqiniseke. Angisoze ngikhangele omunye umfazi.” Kumbe, “Angisoze ngikhangele enye indoda. Futhi ngizakwenza konke lokho njengomlandu, njengomfazi. Sibelabantwana, kuzakwenza konke njengomlandu njengo—njengomama. Ng—ngizakuba ngumgcini wendlu.” Zonke lezi izithembiso kumele zenziwe, kumbe kumele kube njalo, emtshadweni eqondileyo.

<sup>86</sup> Futhi yinto efanayo lapho usiza kuKhristu. “Nkosi, nxa Ungangamukela eMbusweni Wakho, ngiyathembisa.” Nanko-ke. “NgizakuKuthanda. Ngizakuqiniseka Kuwe. NgizakuKukhonza, imini lobusuku.” Kubi kakhulu ukuthi siyakukhohlwa lokho. “NgizakuKukhonza, imini lobusuku. Ngizazila. Ngizakhuleka. Ngizathembeka Kuwe. Ngizaletha okwetshumi kwami esiphaleni. Ng—ngiza—ngizakhuleka, zikhathi ezinengi ngosuku. Ngiza—ngizakwenza loba yini.

Futhi ngizabambisa uthando lwami lonke Kuwe.” Yikho lokho okumele ukwenze. Kunjalo sibili, lapho okuthembisa khona lokho, futhi kufanele kuvele enhliziyweni yakho.

<sup>87</sup> Nxa uthembisa indoda yakho lokho, futhi kungaveli enhliziyweni yakho, ukutsho, impela awuphili ngokuqondileyo laye. Kuluhlobo lwendaba esobala.

<sup>88</sup> Khangela lapha. Nxa—nxa ungela mazinyo, futhi usebenzise amazinyo okufakela, manje, lokho kuhle. Kuthatha isikhundla samazinyo owake waba lawo. Kodwa, ngempela, amazinyo lawo awaxhumananga lawe. Awasiyo ingxenye yakho. Nxa ubule—lengalo equnyiweyo, futhi wafaka ingalo yokufakela, awu, leyo ngalo ngempela ayixhumananga lawe. Inamathele kuwe. Bona? Ayixhumananga lawe.

<sup>89</sup> Futhi lapho sithatha isithembiso sethu kuKhristu, nxa singabi yingxenye Yakhe, njengomfazi emele abe yingxenye yendoda lendoda ingxenye yomfazi, khona-ke singamaKhristu okufakela. Asisiwo, ngeqiniso. Awutshadanga sibili kulowo mfazi. Ungabe uthembekile. Nxa ungathandi indoda yakho, laye eleminyaka engamatshumi ayisithupha kumbe amatshumi ayisikhombisa ubudala, futhi ungamthandi njengalokho owawukwenza ekuqaliseni, khona-ke ukhulisa nje abantwana bakhe.

<sup>90</sup> Yiyo indlela amabandla ayiyo, amanengi sibili lamuhla. Sithatha nje ibizo le “Bandla lesiKhristu,” sizenza sengathi singuMlobokazi. Lapho, kungokokufakela. Asixhumananga loKhristu langayiphi indlela. Sinjengezinyo lokufakela, ingalo yokufakela, ilihlo lokufakela. Bona? Yinto eyokufakela nxa sikubeka nje. Awu, awungeke ufakele isiKhristu. Kufanele uxhumane laso.

<sup>91</sup> Futhi-ke ibandla elingelokufakela nje, libizwa ngokuthi ibandla likaKhristu, awu, labobantwana khona-ke abakho phakathi Lapho, abazelwe ngaleyo nhlanganiso efanayo. Kuphela yi...Ayisibo bantwana bakaKhristu. Ngabantwana behlanganiso yesonto, futhi kungeyisibo abantwana bakaKhristu.

<sup>92</sup> Nxa umfazi engaxhumananga lendoda eqinisweni, khona-ke akasiye ndoda yakhe. Yindoda nje uthethe isifungo sokuphila laye, futhi uthethe isifungo esingayisiso. Wathembisa ukumthanda, futhi wathi uyamthanda, futhi akazange akwenze. Sonke isikhathi, indoda ikhohlisiwe.

<sup>93</sup> Kodwa kulento eyodwa eliqiniso, bangane, kasiyi kukhohlisa uKhristu. Uyabazi Abakhe.

<sup>94</sup> Kodwa, uyabona, kuqala, izinqumo ziyenziwa. Okulandelayo, ukuthembisana umtshado. Khona-ke, isithembiso.

<sup>95</sup> Futhi, khona-ke, umkhosi. Futhi yikho lapho umlobokazi—umlobokazi athatha ibizo lomyeni. Akasekho njalo ebizweni lakhe. Uthatha ibizo lomyeni.

<sup>96</sup> Futhi-ke lapho iBandla lisiba lomkhosi, besenza izithembiso zabo, khona-ke Uthatha iBizo loMyeni. Khona-ke Akaseyilo ibandla lomhlaba. UliBandla leNkosi uJesu Khristu. Ameni. Hatshi. . . Kangitsho, lokho, ngebizo. Ngitsho, ukuthi, ngokuZalwa, ngemvelo, ngamandla kaNkulunkulu. NgeQiniso likaNkulunkulu elembuliweyo, enhliziyweni, Uba liBandla lesiKhristu, iBandla elikhulu lamaKhristu lomhlaba wonke lesipostoli. Ubayingxenye kaKhristu. Lapho Esenza lokho, Yena. . . UKhristu uyajovele Kuye uMoya Wakhe uQobo, iPilo Yakhe uqobo. Futhi iBhayibhili lathi, kuAdamu loEva, lapho, “Kalisebabili, kodwa limunye.” Futhi lapho umfazi, iBandla, litshadiswe kuKhristu, kabasebabili. BaMunye. UKhristu kuwe! Ameni. Yikho lokho. IPilo yakhe ilethwe kuwe, khona-ke uba nguMlobokazi.

<sup>97</sup> Khona-ke, enye into, emva kokuba esethethe zonke lezi zifungo, lokunjalo, futhi umkhosi usukhulunyiwe:

<sup>98</sup> Njengengokuthi, ibizo lomkami lalinguBroy lapho engakatshadi. Manje, akasenguye uBroy. UsenguBranham. Manje, akasenguye uBroy. UsenguBranham.

<sup>99</sup> Futhi lapho usiza kuKhristu, awusenguye owomhlaba. Ungoka Khristu. Bona? Awulandaba ngezinto zomhlaba. Zifile kuwe. “Ngoba lowo othanda umhlaba, kumbe izinto zomhlaba, uthando lukaNkulunkulu kalukho ngitsho kuye.”

<sup>100</sup> Ngakho, uyabona, awungeke ube ngumKhristu wokufakelwa. Ungaba ngowokufakelwa, ozitsho ukuba ngumKhristu.

<sup>101</sup> Kodwa kawungeke ube ngumKhristu, ube, kuze kuthi uKhristu aZijovele, ngobhaphathizo lukaMoya oNgwele, kuwe. Khona-ke uxhumane Laye. Alisebabili. LiMunye. UKhristu wathembisa ukuba phakathi kwethu, njengoba uBaba wayekuKhristu. “Mina loBaba Wami siMunye. Wena Lami siMunye.” Bona? UKhristu phakathi kwethu! Konke lokho uNkulunkulu ayeyikho, Wakuthulula kuKhristu. Futhi konke lokho uKhristu ayeyikho, Wakuthulula eBandleni, ukuqhuba umsebenzi weVangeli.

<sup>102</sup> Khona-ke siba, hatshi ngebizo lokufakela, kodwa ngobuqotho bukaMoya oNgwele weMpilo esixhumanisa kuKhristu. Khona-ke, ngamandla okuvuka Kwakhe, siyavuswa ezintweni ezifileyo zomhlaba, futhi sihlezi Laye endaweni zaseZulwini. Ameni. Ngiyakuthanda lokho. Lobubusuku, sihlezi ezindaweni zaseZulwini kuKhristu Jesu, bona, sivuswe Laye; safa ezintweni zomhlaba, futhi sathatha uKhristu. Futhi lapho sithatha uKhristu, khona-ke umhlaba usufile, khona-ke



asiselandaba ngomhlaba. Umhlaba ufile kithi. Futhi si . . . Futhi ufile kithi, futhi lathi sifile kiwo.

<sup>103</sup> Ungumuntu owahlukileyo, ubuntu obahlukileyo, ngoba uyisidalwa esitsha. Isidalwa! Hatshi isidalwa esifanayo, esipholishiweyo; hatshi u—umuntu ophendle ikhasi elitsha. Kodwa umuntu ofileyo, futhi wazalwa kutsha, futhi waba yisidalwa esitsha kuKhristu uJesu, futhi uMoya kaNkulunkulu ophilayo uphila emuntwini.

<sup>104</sup> Manje, njengomfazi ongasenguye uBroy, unguBranham, futhi uhamba ngalelobizo.

<sup>105</sup> Futhi iBandla kaliseyilo elomhlaba, kodwa liseBizweni likaKhristu, Unjalo. Uxhumene Laye, ngeMpilo Yakhe uQobo.

